Printed and Published by:
Federation of South African Trade Unions
125 Gale Street, Durban, Natal 4001.

FOSATU WORKER NEWS
June 1980

IZINDABA EZIYISIPESHELI

# ISITELEKA SAKWA FRAME



ABASEBENZI BAKWA-FRAME BANQWAMANA NAMAPHOYISA BELANDE AMAHOLO ABO - 22 MAY.

Esidekazi nesikhulukazi kanye nesibucayi isiteleka emlandwini wase Phayindane siphele izolo.

Abasebenzi abangaphezulu kwezi nkulungwane ezinhlanu (5000) bakwa Frame bateleka kusukela ngoLwesine lomhlaka 22 ku May kwaze kwaba uMsombuluko mhlaka 2 ku-June.

Isiteleka sasimayelana namaholo aphansi aholelwa yilenkampani.

Lamaholo aphakathi kukaR18,40 no-R27,00 ngeviki. Ukuthola iholo elingango R35 ngeviki. bekungaba inhlanhla enkulu kubasebenzi ngalamabhonasi abo futhi-ke iningi labasebenzi abayitholi nakuyithola lemali.

Base bekhathele abasebenzi wukungatholi mpendulo mayelana nokwenyuswa kwamaholo ngemuva kokuba ikomidi labo selitshele abaqashi ukuthi isimo sabe sibucayi ngo-November wonyaka odlule.

Loku kwadonsela ekubeni kube nesiteleka ngoLwesine. Ngemuva kwalokho ikomidi kanye neNyunyana benza amalungiselelo emihlangano yokubikela abasebenzi. Kodwa ngasosonke isikhathi nxa ikomidi libonene nabaqashi labe libika into efanayo. Abaqashi benqaba ukuxoxisana nekomidi ngenkathi abasebenzi besatelekile.

Kuyoyonke imihlangano abasebenzi babenquma ukuqhubeka nokuteleka baze bazi ukuthi amaholo ayokwenyuswa kangakanani.

NgoLwesithathu mhlaka 28 ku May abaqashi bazisa ikomidi ukuthi imali iyokwenyuswa kodwa abashongo ukuthi iyokwenyuswa ngamalini. Ngenkathi ikomidi liwushiya umhlangano abathathu babo baboshwa bagqunywa ejele kwaze kwaba nguLwesihlanu ntambama.

Kwathi ngoLwesine mhlaka 29 abaqashi bamemezela emaphephandabeni ukuthi imali iyokwenyuswa ngo-15% ngo-July bese kuthi u-10% afakwe ngo-January.

Kodwa-ke amaphoyisa avala yonke imihlangano yabasebenzi kusukela ngoLwesihlanu ekuseni kwaze kwaba yiSonto ekuseni. Kanjalo-ke abasebenzi ababange besalithola ithuba lokuthola ukubikelwa okufanele.

NgoMsombuluko mhlaka 2 ku-June abasebenzi banquma ukuphindela emsebenzini. Baba nokuzuza ukwenyuselwa a maholo kodwa kwaba okukhulu ukulahlekelwa kubona ngokuxoshwa kwababaholi babasebenzi.

# Isiteleka Sabasebenzi Hayi Abaphehli Bothuthuva

Abaqashi namaPhoyisa bathi yidlanzana labaphehli bothuthuva eladala isiteleka. Kodwa-ke iningi labakhulumeli liyakuphika loku. UNobhala we-National Union of Textile Workers u-OBED ZUMA uthi "Isiteleka sadalwa ngamaholo aphansi kanye nokwenqaba kwabaqashi ukuba babonisane ne-Liaison Committee. Lelikomidi line-saphothi yabasebenzi ngenxa yokuthi cisho bonke bangamalunga enyunyana".
U-JABULANI GWALA, uSihlalo wekomidi labasebenzi watshela abacosheli bezindaba ukuthi, "sazama kakhulu ukugcina ukuthula kanye nokuhlangana ukuze kuxoxiswane. Kodwa abaqashi babe ngenakukwenza ukuxoxisana. Loku kwasiqhubela phambili isiteleka kwathukuthelisa abasebenzi futhi kwadala ukuba kwenziwe izinto ngendlovuyangena. Sabe siloku sikhatha zeke njalo ngokuthi kwabe kungase kudaleke isibhelu esibucayi e-Clermont".

Abaholi abaqavile bamasonto kanye namalunga ePhalamende babasaphotha abasebenzi ekufuneni kwabo amaholo agculisayo. Isimo e-Clermont phakathi neviki besibucayi. "Kwangidumaza ukubona abasebenzi belwa bodwa. Ngicabanga ukuthi abaqashi namaphoyisa benza isimo saba sibi. Ngangibuka amaqembu ehlaselana. Elinye iqembu labe ligqugquzelwe ngabaqashi leli laliphikisana nabateleki. "Amaphoyisa ayezibukela nje impi" ngokusho kuka SAMSON MADONDA, umgqugquzeli wenyunyana".
Lesisiteleka sathinta bonke abaqashi e-Phayindane futhi isimo sasingase sibe simbi ukuba u-Frame akazange abanike abasebenzi into ababeyidinga. "Sihlose ukuthinta abaqashi ePhayindane ukuze sixoxe ngezinkinga ezifuze lena". U-ALEC ERWIN uNobhala-Jikelele ka-FOSATU kwi-FOSATU Worker News.



UMHLANGANO WABASEBENZI BAKWA-FRAME - 28 MAY.

## Inyunyane Kanye NoFosatu

I-National Union of Textile Workers (N.U.T.W.) inamalunga amaningi ezinkampanini zika-Frame. Inyunyana yazama ukusiza abasebenzi kulesisiteleka esinzima kakhulu. Inqubo kwabe kungukuthi kumele kwenziwe izinto ngomthetho nangokuhlangana ukuze abasebenzi bangase babe nokuxazulula ngokuxoxisana ngamaholo afanelekile ngokushesha.
U-FOSATU wazama ukusiza i NUTW okuyilunga lakhe kanye nabasebenzi. Sabe sesazisa abasebenzi esikanye nabo abakwamanye amafekthri kanye nezinye izifunda mayelana nobekwenzeka. Sazama ukuvimba ukuba abasebenzi bangehlukaniswa futhi saxhumana nezinhlangano zabaqashi kanye noHulumeni ngenjongo yokuchaza ukuthi isimo sasibucayi kangakanani.

# AMAHOLO AKWAFRAME

| | | Iholo Kumanje | Ukukhushulwa Ngo 15% | Iholo Elisha |
|---|---|---|---|---|
| U-Grade I | Isilisa | R23,00 | R3,45 | R26,45 |
| | Isifazane | R18,40 | R2,76 | R21,16 |
| U-Grade II | Isilisa | R25,20 | R3,78 | R28,98 |
| | Isifazane | R20,10 | R3,01 | R23,11 |
| U-Grade III | Isilisa | R27,40 | R4,11 | R31,51 |
| | Isifazane | R22,00 | R3,30 | R25,30 |
| U-Grade IV | Isilisa | R31,90 | R4,78 | R36,68 |
| | Isifazane | R25,50 | R3,81 | R29,32 |

Ngenxa yomzabalazo omude nonzima wabasebenzi kwa Frame, badudula kanzima abaqashi ukuba bakhuphule amaholo abasebenzi ngo-15% kusukela esontweni lokuqala ku-July 1980. Loku okungezansi kuchaza ukuthi ukukhushulwa kwamaholo abasebenzi kumi kanjani kuma-Grade ahlukene.

## ABAHOLI BABASEBENZI BABOSHWA

Ngenkathi beshiya umhlangano ababenawo nabaqashi ngoLwesithathu mhlaka 28 ku-May abaholi babasebenzi baboshwa. uJABULANI GWALA, uSihlalo we-Liaison Committee yase Frametex, SAMSON CELE kanye no-BONGINKOSI NZAMA baboshwa bagqunywa ejele kwaze kwaba nguLwesihlanu ntambama.
Inyunyana yakhokha ibheyili yabo nokuthi bayovela phambi kweNkantolo ngomhlaka 10 ku June.
Abagqugquzeli benyunyana bathi kuyacaca ukuthi abaqashi balalela ama-Liaison Committee kuphela uma enza okufunwa abaqashi kodwa abaholi bayaboshwa uma bekhulumela abasebenzi.

**BAFUNANI ABASEBENZI BAKWA - FRAME - IHOLO ELIPHILISAYO!**

